*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*UZanele ubona izinombolo*
*(Zanele sees numbers)*
Illustrated by Hanrie Coetzee
Written by Laura de Lange
Designed by Arthur Attwell
Edited by Catherine Deiner
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in Grahamstown on 12 November 2016.

ISBN: 978-1-77623-084-6

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# UZanele Ubona Izinombolo

Hanrie Coetzee • Laura de Lange • Arthur Attwell



Wonke umuntu utshela uZanele
ukuthi izinombolo zimzungezile.
Kepha noma ezama kangakanani,
akakwazi ukuzibona.



UZanele ucela uGogo ukuthi amsize
abone ezinye izinombolo.
UGogo ukhomba izimbiza eshalofini
bese eyabala, "yinye, zimbili, zintathu, zine."







Kodwa uZanele akaneme.
"Lezo akuzona izinombolo. Yizimbiza lezo!"

UZanele ucela uMama ukuthi amsize abone izinombolo ezithile. UMama ukhomba izaqathi engadini bese eyabala, “sinye, zimbili, zintathu, zine.”







Kodwa uZanele akaneme.
"Lezo akuzona izinombolo. Yizaqathi lezo!"

UZanele ubona uLinda ebala izinkukhu, ukuze abone ukuthi zonke zibuyile yini ekhaya.







Kepha uZanele akaneme.
"Lezo akuzona izinombolo. Yizinkukhu lezo!"

UZanele ubona uBabekazi ebala amahora kuze kube isidlo sakusihlwa.








Kepha uZanele akaneme.
“Lezo akuzona izinombolo. Lawo amahora!”

UZanele akakwazi ukubona izinombolo emhlabeni. Uyahamba ayokhuluma nodadewabo, uGugu, oneminyaka eyisishiyagalombili futhi owazi yonke into.



“Uma ubheka noma yini ngendlela eyiyo, ungabona inombolo kuyo,” kusho uGugu.

UGugu unika uZanele izibuko zemilingo bese emtshela ukuthi ahambe ayobheka izinombolo emhlabeni.



